



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE
EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI LEBHULOHO EWELA MHLAKA 25
OCTOBER 2007.**

Nginyanibingelela nonke

- Ngomhlaka 24 February kulo nyaka ngangilapha eMahlabathini ngizoxoxisana nomphakathi nabanye abasebenzisana nathi mayelana nobugebengu emgwaqeni uP700. Umphakathi wasebenzisa lelo thuba ukuxoxa ngezindaba zentuthuko endaweni.
- Okunye okwavela kulowo mhlango kwaba yisigameko sokufa kwabantu ababegibele evenini eyamuka emfuleni iWela ngezikhukhula zikaDecember 2006. Umfula wawugcwele udla izindwane kungasabonakali nebhulohwana elincane lapho kwakuwela khona imoto.
- Namhlanje sesilapha endaweni yaseWela sizohlaba isoyi lokugcizelela ukuthi sizokwakha ibhuloho iWela Bridge ngesamba sika-R8.2 million ezinyangeni eziyisishagalolunye.

- Leli bhuloho lizosiza imizi engaphezulu kuka-200 kule ndawo esebenzisa umgwaqo uD1708. Izakhiwo zomphakathi eziseduze kwebhuloho zihlanganisa iPrimary School, iHigh School, umtholampilo nesitolo esikhulu esiyiSupermarket.
- Njengomgomo kahulumeni wethu, okunye okubalulekile ekwakhiweni kwaleli bhuloho ngukuthi kuzokuba nenzuzo kwezomnotho emiphakathini elakhelwe wona. Sisho ngoba osonkontileka abazosebenza kuzomele bathole zonke izinto zokwakha khona endaweni yasoLundi noma eMahlabathini futhi baqashe ochwepheshe, esithi ama-artisan nabasebenzi bakhona emiphakathini eseduzane.
- Sekufikile ezindlebeni zami ukuthi kunezikhulu ezisebenzisa ipolitiki ekuqasheni abantu kule misebenzi esiyilethayo. Ngifuna ukugcizelela ukuthi lena yimisebenzi yomphakathi kungakhathalekile ukuthi ngowaliphi iqembu lepolitiki. Ngakho-ke nginxusa nani njengomphakathi ukuthi ningavumi ukusetshenziswa ngosopolitiki nezisebenzi zikahulumeni ezisebenzisa ubuthaka benu ukuzihlomulisa zona kwezepolitiki.
- Njengohulumeni sizohlale senza konke okusemandleni ukusiza imiphakathi yethu kulezo zinselelo ebhekene nazo ezindaweni zayo. Kodwa nginxusa ukuthi nisebenzise izinhlaka ezisemthethweni esizibekile ezigabeni zikahulumeni zontathu.
- UMnyango wami uzimisele ngokulekelela omasipala ngakwezobunjiniyela uma behlela ingqalasizinda yomgwaqo. Kukhona omasipala asebeke basinxusa ukuthi sibagcinele imigwaqo yabo isesimweni, kodwa sathola ukuthi leyo migwaqo ayakhekile kahle okusho ukuthi ukuyigcina isesimweni kuzofana nokuyiqala phansi.

- Manje sesithe ngeke sithathe imigwaqo siyigcine isesimweni uma ingahlelwanga ngokubambisana nathi njengoMnyango wezokuThutha.
- Sengiphetha, ngithanda ukugcizelela ukuthi njengoMnyango wezokuThutha sithweswe umthethosisekelo ukuba siqinisekise ukuthi abantu bakithi bathola uhlelo lwezokuthutha oluphephile noluthembekile esifundazweni. Ngigcizelela ukuphepha emgwaqeni ngoba sekucacile ukuthi akusizi ukuthi sakhe imigwaqo ezobulala abantu bakithi.
- Kumele siqinise imikhankaso yokuqwashisa ngokuphepha emgwaqeni noma kuphi lapho sihamba khona, sicacise ukuthi sakha imigwaqo yokuthuthukisa abantu, hhayi ukubabulala.
- Ngiyazi futhi ukuthi abanye abantu sebethi bakhathele oCele abakhuluma njalo. Ngenhlanhla kodwa angingedwa, nami ngingomunye nje wamanxusa amaningi ezokuphepha emgwaqeni esifundazweni nasezweni lethu lonke.
- Amanxusa ezokuphepha emgwaqeni akubona osaziwayo esisebenzisana nabo kuphela, okuhlanganisa abadlali bebhola noDJ abadumile. Amanxusa amakhulu ezokuphepha ngamalungu emindeni elahlekelwa abathandiweyo babo noma kudingeke banakekele abasuke sebekhubazekile.

- Sikholwa ngukuthi abantu baqonda kangcono uma umyalezo udluliswa ngabantu ababathandayo njengosaziwayo, abantu esithembela kubona njengomphakathi ngoba sibabona nakomabonakude.
- UMnyango wami usuwenze nevideo ekhombisa indlela abantu bakithi, omama nobaba bethu nodadewethu nabafofowethu nezihlobo nabangani abashona ngayo emigwaqeni. Okungenani ningayibuka esithombeni nje nina, thina sikubona bukhoma lokho, hhayi kanye, kodwa ezikhathini eziningi.
- Nginxusa bonke abasebenzisa umgwaqo ukuthi bahloniphane, abahamba ngezinyawo bahloniphe abashayeli nabashayeli bahloniphe abahamba ngezinyawo. Ukufa koyedwa ngukufa kwabaningi. Ukufa noma ukulimala komuntu kuba yinhlekelele kulabo abathintekile, umndeni, umphakathi nesizwe sonke.

Ngiyabonga